



## agriculture & rural development

Department:  
agriculture  
& rural development  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Communication Services

Isolezwe

# IMBIZA IBIZIWA NGOTHI KUBUNGAZWA ABESIFAZANE ABASEBENZELA UMNYANGO WEZOLIMO



Lena yingxenywe yabesifazane abebethamele umcimbi wokubungazwa kwabo njengoba Lena kuyinyanga yokutusa iqhaza elibanjwe ngabesifazane emiphakathini nasekulweleni amalungelo abantu

### XOLISWA MNGUNI

INYANGA kaNcwaba eNingizimu Africa yaqokwa njengenyanga yokubungaza imbokodo ngeqhaza layo ekuthuthukiseni umphakathi nasekulweleni amalungelo abantu.

Ibaluleke kakhulu kubantu besifazane ngoba ibanikeza ithuba nesikhathi sokuhlanyanya ndawonye bezokwakhana njengembokodo, baxoxisane ngezinqinamba abahlangabezana nazo nsukuzonke emsebenzini

kanye nasempilweni. Evula umcimbi uNksz uJabu Majola oysisiphathimandla eMnyangweni wezoLimo, ukhulume ngokubaluleka kokuba abantu besimame babambisane emsebenzini baphinde bethathe

indawo yabo ezikhundleni eziphezulu ngoba nabo sebeyakwazi ukwenze umsebenzi owenziwa abantu besilisa.

UNksz Majola uveze ukubaluleka kokusebenza ngokuzikhandla ezikhundleni abaziphethe njengembokodo, uphinde wakhuthaza abesimame ukuba bazithembe uma benza umsebenzi bangazinyezi nhlobo ngamakhono abo.

Uthe ukubaluleka kokusebenzisana njengabantu besifazane kuyohlale kugcizelelwa, wakhuthaza abesifazane abasebasha ukuthi uma befuna ukufunda umsebenzi begasabi ukubuza indlela kwabaphambili ukuze nabo bezokhula emsebenzini.

UNksz Tanya Stielau obengesinye sezikhulumeli ebezikhona, ukhulume ngokubaluleka komuntu wesifazane empilweni ngoba eyedwa ufaka izingqo eziningi.

Esokuba umama, unkosikazi, udade, umngani kanye nokuba umsebenzi noma umphathi.

"Kubalulekile ukuba umuntu wesifazane azibeke yena phambili kuqala ngoba ngeke akwazi

ukunakekela wonke umuntu um yena engaphilile emzimbeni kanye nasemphefumulweni, kumele inkomishi yakho igcwele ize ichichime kuqala ngaphambi kokuba ugowalise izinkomishi zabanye abantu kuqala" kusho uNksz Stielau.

Lokhu kubalulekile kakhulu ngot uma ingagcwele eyakho inkomis uzosala ungenalutho.

Omunye wezihambeli ebezikhona uMnu Thamsanqa Mncube ophuma kwi-Commission for Gender Equality ukhulume kabar ngokubaluleka kokwazi amalungelo akho emsebenzini.

Ukhulume ngokubaluleka kokulwela amalungelo akho nokukhuluma ungathuli emsebenzini ngoba wonke umun kumele aphaathwe ngendlela efanayo noma ngabe ungumuntu wesimame noma ungumuntu wesilisa.

UMncube uthethe kubalulekile ukut njengomuntu wesimame ukhulur uma uhluke kumele emsebenzini ngoba kuyilungelo lakho ukuba usebenze endaweni ephhephile.